# *Inhlanganyelo*

Ngiyabonga, Mfowethu Joseph.

2 Ningahlala phansi. Sanibona kusihlwa, bangani. Ngijabule kakhulu ukuba lapha eChicago kulentambama uku—ukukhuluma nalesi sigejane esithandekayo sabantwana bakaNkulunkulu. Futhi kubonakala kukuhle kakhulu ukuma ngemuva kwepulpiti futhi. Lokhu sekube yizinsuku eziningana. Bengihlezi ekamelweni lapho, ngilindile emizuzwaneni embalwa edlule; futhi ngenkathi niqala ukucula elithi *Kholwa Kuphela*, uBilly wabuka ngapha kimi. Ngi . . . Kwehle unyembezi oluncane ngaphakathi kwenhliziyo yami. Angazi noma niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini noma qha, ngaphakathi: ukuzwa leloculo futhi, *Kholwa Kuphela*. Futhi ngacabanga, "Lokho kukanye futhi ngiya emsamo."

3 Sishayele senyuka namhlanje ekuseni, sangena esikhathini esincanyana nje esedlule, futhi safika ngapha. Futhi ngakho-ke, ngi . . . isizathu sami sokuba lapha namuhla, esinye sezizathu, singukuthi ngokusobala, ukubona nina bantu abathandekayo. Ngihlala ngithanda ukuza e-Chicago. Ngizizwa ngisekhaya ngempela manje. Lokho ngukuthi . . . angidingekile ukuba ngisho lokho kule—kulentambama, kodwa lelo yiqiniso. Bese-ke ngithola ukuhlala, ukuba noMfowethu uBoze.

Futhi ngamuzwa. Wangibiza, ngolunye usuku, wayesethi, "Ungeza ukhuphuke ngeSonto na?"

4 Ngase ngithi, "Qhabo, angeke ngikwazi ukukwenza, Mfowethu Joseph." Ngathi, "Mina nje, umkami ulindele o—omncinyane nganoma yisiphi isikhathi." Ngathi, "Angikwazanga nje ukuhamba."

Wathi, "Awu, bengihamba. Ngiya phesheya kwezilwandle," wayesethi, "Ngi . . . "

5 Ngathi, "Ngizoza ukuzothi 'hamba kahle,' noma, 'isikhathi eside kangaka,'" sikubiza kanjalo, ngendlela yabashumayeli. Asivalelisani, ngoba sizophila phakade ndawonye. Ngakho-ke si—sivele sithi "isikhathi eside kangaka" aze aye ngaleya, futhi simfisele izibusiso zikaNkulunkulu, futhi sithole ukusho kanjalo phambi kwebandla lapha.

6 Kwase kuthi-ke, ngacabanga, mhlawumbe, ukuthi njengoba ngithola ukusho phambi kwakhe nebandla, mina ngokuvamile, kulezinkonzo zokuphulukisa enginazo, angikwazi ukuzizwakalisa, imizwa yami, kubantu ngendlela engifuna ngayo, bengifuna ukuzwakalisa kulelibandla, kulentambama, ngendlela ezedlula zonke enginayo, engeyinhle neze, kodwa, ukubonga kwami kuMfowethu Boze, umelusi wenu.

Mina . . . Njengoba ngikushilo njengoba ngenza kumkami. Ngathi, "Kukhona umSwidi omncane engimthanda ngempela."

7 U—ungibiza ngokuthi "Brudder Branham," futhi ngimbiza ngo "Yoseph." Ngakho-ke ni—niyazi ukuthi siluhlobo luni lwabangane. Futhi yilo mfana esizoba naye. Igama lakhe kuzoba nguJoseph, futhi. Lokho ku—lokho kunjalo. Ngakho-ke si—siyamazisa ngempela uMfowethu Joseph; yena . . . Hhayi ngoba uhlezi lapha, lokho ngukuthi . . . Ukube ubezobe engasekho bekuzoba ngcono. Kodwa nginabaningi abathandekayo, abangani abaqotho engibazisa kakhulu.

8 Ngisanda kufika emizuzwini embalwa edlule, ngikhuphuka ngoSouth Shore Drive, ngicabanga ukuthi nibiza lokho kanjalo laphaya, yini . . . Mina noBilly besixoxa, wayesethi, "Ubuyela emuva kulobubusuku, Babayi na?"

Ngathi, "Ngizobe ngikhathele kakhulu, Billy." Ngathi, "Ngizoshumayela kabili, ngiqagele, namuhla," futhi ngathi, "Kuzoba . . . ngizobe ngikhathele kakhulu."

9 Wathi, "Uyazi ukuthini?" Wathi, "Ngicabanga ukuthi uMfowethu Boze ungomunye wa—omunye wabafo abahle kunabo bonke engake ngahlangana nabo." Ngizokusho ngamazwi omfana wami, "Ditto." Kunjalo.

10 Ngifundile ukuthanda uMfowethu Joseph. Nakhu engikuthandayo ngaye, izinto eziningi: okokuqala, ukuba ngumfowethu ongumKristu; okwesibili, ungathembela kulokho akushoyo. Ngiyakuthanda. Ngiyayithanda indoda okuthi uma ikutshela noma yini, izokumela. Enye into yile: ungumngani wami noma ngabe nginephutha noma anginaphutha. Manje, noma ubani angaba umngane wakho ngenkathi ulungile. Kodwa lapho usephutheni, khona-ke usengumngane wakho. Manje, akuzona zonke izikhathi lapho ngilungile. Niyazi? Ingxenye enkulu kunazo zonke yesikhathi ngi, mhlasimbe, ngisephutheni. Kodwa noma ngabe ngisephutheni noma ngiqinisile, uJoseph Boze ungumngane wami. Ngimbonile ezivivinyweni ezinzima. Ngimbone ngezikhathi lapho umphakathi ungazi lutho ngakho, lapho sibhekene nesikhathi sokuvivinywa. Ubelokhu emi eduze kwami njengomfowethu futhi ngikubonga kakhulu lokho.

Ngike . . . Impela kube nabantu abazama ukungidikibalisa, bathi, "UMfowethu Joseph ungowabaNgcwele Bosuku Lwakamuva," noma, "Usuku Lwakamuva . . . " Kuyini na? Imvula Yosuku Lwakamuva na?

Ngathi, "Angikhathali noma ungeyokuqala, eyesibili, eyakamuva, noma konke phakathi nendawo. U—ungumfowethu."

11 Ukuhlangana kwethu ndawonye . . . Umhlangano wake wathi ukukhanselwa eChicago, e-Illinois, emhlanganweni wetende, ngoba bona . . . Ngangingakaze ngimbone empilweni yami, ngawukhansela umhlangano wetende ngenxa yokuthi

babengewusekele umhlangano kaMfowethu Joseph. Nina nonke anikwazi lokho, kodwa lokho kuyiqiniso.

Ngangisanda kubuya eStockholm, eSweden, neqembu elalinami, lathi . . . Ngathi, "Ingabe lokhu ukubambisana okugcwele kwawo wonke amabandla na?"

"Yebo."

12 Ngase ngithi, "Lowomfo omncane abakhuluma phezulu lapho . . . " Liyini i—ibandla laseSwidi ngaleya, uMfowethu Pethrus ayazi ngalo na? Ngathi, "Ingabe uyabambisana na?"

13 Awu, umfo owayekhuluma nami, wathi, "Qhabo. Uyabo, Mfowethu Branham, bekuyo—kuyolimaza imihlangano yakho," wathi, "ngoba uyiMvula yoSuku Lwakamuva."

14 Ngathi, "Uma engeke abe lapho, nami ngeke." Yilokho kuphela. Ngathi, "Uma singakhethi mahlelo, lokho kusho wonke umuntu; angikhathali ukuthi ubani. Uma kuyiMethodisti, iBaptisti, uFakazi kaJehova, noma ngabe kuyini, bazoba lapho ngokufanayo nje. Futhi asikwazi ukudonsa utshani obomile, futhi sithi *lo* mfo akanalungelo, ngoba singabazalwane ngokuphelele ndawonye, futhi yileyo ndlela esifuna ukuhlala njalo singayo." Ngakho-ke akunandaba ukuthi baya kuliphi ibandla, bona . . . sonke singabazalwane kuKristu, futhi yilapho sizalwa khona ngokusha ngoMoya. Futhi ngiyamazisa uMfowethu Joseph ngayo yonke inhliziyo yami.

15 Futhi khona-ke ngiyacabanga nje . . . Manje, lokhu akushiwongo kimi, futhi a—anginalutho engilucabanga ngaphambili. Kodwa ngiyacabanga nje ngenkathi ekhuluma nami lapho, ukuthi ngaphambi kokuba ahambe, azi ukuthi ungumuntu ompofu (uphila nje ngokuphiwa ngabantu njengami), ukuthi ngaphambi kokuhamba mhlasimpe bayothatha umnikelo wothando wendoda ngaphambi kokuba iwele. Ngangifisa sengathi ngangikwazi ukwenza lokho. Ngimbuzile emizuzwini embalwa edlule. Ngithe, "Mfowethu Joseph, uzozithathela umnikelo wothando na?"

Uthe, "Mhlawumbe kanjalo, Mfowethu Branham, kulobubusuku, mhlasimbe bazokwenza . . . "

16 Ngithe, "Bengifisa sengathi bengingakuthathela wona, mfowethu," kodwa ngithe, "uyophatheka kabi uma ngenzile." Kodwa ngithe, "Ngi—ngithanda nje . . . " Awukaze ungizwe ngithi . . . ngisho lezozinto e . . . emsamo, ngoba angikaze ngithathe umnikelo empilweni yami.

17 Kodwa, mfowethu, noma yini ebengingayenza ukusiza leyondoda iqhubeke, bengiyokwenza, ngoba, ngizokutshela ukuthi kungani. Ngenkathi ngangisezindaweni eziminyene, anazi lutho nonke ngakho; nikwenzile. Ngangilapha ngesinye isikhathi, ngiya phesheya kwezilwandle, futhi ngenza amalungiselelo, futhi ngilungele ukuhamba, ngintula amadola

ayizinkulungwane ezimbili ngokuba nokwanele ukukhokhela ithikithi (Kunjalo.), enele ukukhokhela ithikithi. Kodwa ngokukholwa, uNkulunkulu wayengibizile futhi ngangihamba. Futhi uJoseph, ngokuphefumulelwa, angizange ngimtshele, kodwa ngokuphefumulelwa, waphuma futhi—futhi wawuthatha lowo kanye nabantu. Kungekho kukhandleka, ngithi nje besizoya phesheya kwezilwandle, futhi sidinga imali ukuze siqhubeke, noma okuthize ngalolohlelo, futhi ngakhuphula lowomnikelo eChicago. Ngokukholwa sakwenza. Ngathenga amathikithi ngakusasa ngase ngihamba.

18 Bengifuna ukusho, ukuthi yena eya kukho, yonke into eyenza kulobubusuku, kwangathi iNkosi enhle ingambusisa kahle ngempela futhi imthumele. Manje, mhlawumbe akakaze abe kulengxenye yezwe ngaphambili, ingabe wena, Mfowethu Joseph, lapho oyakhona? [UMfowethu Boze uyaphendula, "Qhabo."—Umhl.] Akaqondi nje ukuthi naye ubhekene nani. Ngakho-ke ngiyazi ukuthi kuyinto enzima lapho ungena e-Afrika. Ngiyakhuleka ukuthi uNkulunkulu uzoba nomfowethu futhi ambusise kukho konke; futhi kwangathi angazuza imiphefumulo kuKristu ngaleya. Futhi ngithemba ukuthi iNkosi enhle ikwenza kwenzeke ukuthi ingaba nje nomhlangano oyimpumelelo ngokwengeziwe ake waba nawo kuyo yonke impilo yakhe, futhi abuyele eChicago, kabusha, kanjalonjalo, futhi elungele ukubuyisela kini abantu bemvuselelo enkulu. Lokhu kuzomenza abe yisithunywa senkolo, lapho ehamba ngalesi sikhathi. Ngiyazi ukuthi lolo hlobo luzwakala lungavamile kinina bantu bakwamanye amabandla.

19 Lalela. Wena... Isithunywa senkolo asiyena umuntu oshintsha isizwe sakhe ukuze siphile. Isithunywa senkolo ngumuntu ohambayo aphinde abuye. UPawulu wayeyisithunywa senkolo esikhulu kunazo zonke izwe elake lasazi. Ngabe kunjalo na? Uma nje uqeqesha indoda, futhi uyithumele ngaleya, futhi wenze ikhaya layo lapho, ihlala impilo yayo yonke, ivele yashintsha isizwe sayo. Akusona isithunywa senkolo leso. Isithunywa senkolo sisuka kwenye indawo siye kwenye, nakwenye indawo, futhi nje... UPawulu wahamba yonke indawo, wabe esebuya, waphinda waphuma futhi; yonke indlela futhi abuye. Ngakho-ke uPawulu wayeyisithunywa senkolo. Mfowethu Joseph, kwangathi uNkulunkulu angakubuyisa ngokuphepha njengesithunywa senkolo khona-ke. Uzokubuyisela futhi. INkosi ikubusise.

20 Futhi kinina bantu abathandekayo lapha eChicago, bengizobuza mhlawumbe, ingabe ukhona ogulayo phakathi kwethu namuhla na? Uma ekhona, phakamisa isandla sakho, othile, ngakho-ke mhlawumbe unomhlangano womkhuleko kulobubusuku, khulekela—khulekela abagulayo. Uma uthanda ukukhulekela abagulayo namuhla ebusuku? Phakamisani izandla zenu, wonke umuntu, ongathanda umhlangano,

akhuleke...Awu, kuhle. Kuhle lokho. Khona-ke sizobe sikhulekela abagulayo kulobubusuku. Ngizobashiyela amanye amakhadi lapha ukuze bawakhiphe cishe ligamenxe ihora lesithupha, noma into enjalo, futhi ungehla futhi uthole ikhadi lakho lomkhuleko, futhi sizokhulekela i...[UMfowethu Boze uthi, "Ngehora lesithupha nqo."—Umhl.] Elesithupha na? Ngehora lesithupha nqo na? ["Nomhlangano ngehora lesikhombisa."] Ya. Kulungile, ngehora lesithupha ngqo, manje-ke, kulobubusuku, lokho kuzoba kahle.

Kulungile. Manje...Into yokuqala, uma uBilly Paul ezwa ngami, phenyani emotweni nibone ukuthi sinawo yini amakhadi omkhuleko.

21 Asinawo, ngabe ninawo na? Unento ongayenza ngayo uma bengenayo na? Kulungile, okheyi, lokho kuzolunga. Kulungile, futhi kulobubusuku sizo—sizobe sikhulekela abagulayo.

22 Manje, kulentambama, sekuba leyithi, futhi asikaze siqale. Uyazi ukuthi sinjani, sithi ukuthatha kancane ukuqalisa, bese sithathe kancane ukuma. Lokho yi...Kodwa ngi—ngithanda ukwenyukela lapha futhi ngikhulume nani bantu abathandekayo. Futhi nizobe nikhulekela umkami othandekayo, ningakwenza lokho, ngomfo omncane ozayo na? Owesifazane omncane ompofu, ngempela unesikhathi, futhi sibheke kuYe Lowo Ongabonwayo ukuba akhululwe.

23 Manje eNcwadini kaJohane oNgcwele, ngingathanda ukufunda amazwi ambalwa nje futhi ngikhulume nani imizuzwana futhi—futhi...[UMfowethu Boze uthi, "Iwashi lasodongweni lise...kwesokudla sakho."—Umhl.] (O, yebo. Ngani, ngiyabonga, mfowethu.) Futhi manje, sizozama ukuphuma cishe emizuzwini engamashumi amathathu, uma iNkosi ithanda, ngifuna ukukhuluma nani namhlanje. Asifunde emiBhalweni kuJohane oNgcwele, noma, hhayi uJohane oNgcwele, uJohane wokuQala, isahluko 1.

24 Manje, ngiyababona basezansi lapha, abangani bami, uLeo noGene, abafana abathi ababe babili komakhelwane benu lapha, bayaqopha. Futhi, ngithi, empeleni, laba bafana baya kuyo yonke imihlangano futhi baqophe, futhi banakho eteyipini. Ngithumele iteyipu ku...Omunye wayeshumayele intshumayelo ngoluny'usuku, ngase ngithumela iteyipu. He, bengicabanga ukuthi bengizodingeka ngithenge izwe lonke ukuze ngithole iteyipu: cishe amadola ayisishiyagalolunye ngeteyipu. Ngacabanga, "Oo, he." Ngibabuzile laba bafana. Ngathi, "Kuthiwani ngalokhu na?" Awu, he, umehluko omkhulu kangaka owawukhona kulokho abanakho. Futhi banawo wonke umlayezo, kanjalonjalo.

25 Bayisihlahla esincane esidala, bondliwa ngesinkwa sombila; kodwa kunganisiza; kuzonisiza kakhulu kakhulu. Kungilethe ngiphephile kuze kube la, sengikulungele ukuyithatha.

Ngiyethembile, kuwo impela amathunzi okufa, lenkolo yakudala, yangisindisa. Ingahle ingapholishwa ngendlela okufanele ibe ngayo, kodwa ngifuna izibusiso zikaNkulunkulu kimi, kungakhathaleki ukuthi ipholisheke kangakanani.

Futhi manje. . .Futhi iNkosi ibusise laba bafana ababili, abavele banikela ngempilo yabo ngaleyonhloso, nomsebenza wabo—wabo.

26 Manje, sesizoqala ukufunda ngevesi le 5, phansi nje kuhlanganise nevesi le 7.

> *Nanti izwi esalizwa kuye, sinishumayeza lona, lokuthi uNkulunkulu ungukukhanya, ubumnyama abukho kuye nakanye.*
>
> *Uma sithi sinenhlanganyelo naye, kepha sihamba ebumnyameni, sinamanga, asenzi iqiniso:*
>
> *Kepha uma sihamba ekukhanyeni, njengalokhu yena uqobo esekukhanyeni, khona sinenhlanganyelo omunye nomunye, negazi likaJesu Kristu iNdodana yakhe liyasihlambulula ezonweni zonke.*

Akukuhle lokho na?

Manje, singakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje na?

27 Baba wethu waseZulwini, ngikhuluma namuhla kulezethameli ezithandekayo zabantu ababoshelwe ePhakadeni, mhlawumbe abaningi babo sebevele bageziwe eGazini leWundlu, benza izingubo zabo zaba mhlophe, zihlanzekile, bathethelelwe zonke izono zabo neziphambeko zabo, futhi balindele ukubizwa kwabo kweliPhezulu.

28 Futhi size ukuzokhuluma nokuba nalenhlanganyelo encane ndawonye nomfowethu ngaphambi kokuhamba aye phesheya kwezilwandle ukuyofeza umyalo omkhulu othi: "Hambani niye ezweni lonke nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo." Busisa umfowethu othandekayo, Nkosi, ekuthunyweni kwakhe. Busisa ibandla elincane elimlindile manje ukuthi abuye, lilinde ngomkhuleko umelusi wabo othandiweyo. Busisa umsizi wakhe ozothatha indawo, onke amalungu, nabantu.

Busisa ukufundwa komBhalo, futhi manje siphe inhlanganyelo kanye naWe, khona manje, ngaseZwini, ngokuba sikucela eGameni laKhe. Amen.

29 Manje, ngikhuluma ngeZwi, nezwi le*Nhlanganyelo*, ngiyacabanga, ngikhuphuka lapho, kungahle kube isikhathi esimangalisayo ukukhuluma nje ngenhlanganyelo imizuzwana embalwa. Lokho kungenye yezinto ezinkulu kakhulu. Wonke umuntu ulangazelela inhlanganyelo. Abantu namhlanje, bazothi, "Nizoza nami nje ngapha endlini isikhashana na? Ake sibe nesikhathi esincane senhlanganyelo."

30 Khona-ke, izikhathi eziningi, osomabhizinisi bayothi, "Uzoba nelantshi nami namuhla ngedina na?" Noma siphume futhi nje sidle ilantshi encane ndawonye, sidle ucezu lukaphaya noma okuthize, isikhathi senhlanganyelo: ukudla. Ukudla kuhambisana nenhlanganyelo.

31 Futhi sisakhuluma kulentambama, kwangathi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu ungathatha iZwi likaNkulunkulu futhi wondle wonke umphefumulo olambile phakathi lapha. Ukudla kuhambisana nenhlanganyelo. "Futhi umuntu akayikuphila ngesinkwa sodwa," isho iNkosi, "kodwa ngawo wonke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." UMoya oNgcwele, khona-ke, uyathanda ukudla nokuhlanganyela nekholwa. Isikhathi esinje pho. Sonke sibuthene etafuleni elikhulu manje, lapho izinto ezinhle zikaNkulunkulu zinqwabelene phezulu nje. UNkulunkulu unezibusiso zaKhe eziyimihlomulo, nakho konke esikudingayo: onke amavithamini, konke esikudingayo, ukusenza sisuthe, siqine, sibe amaKristu aphile saka, agcwaliswe ngoMoya waKhe, agezwe ngeGazi laKhe, futhi isikhathi esinjena pho ukuthi singahlanganyela.

32 Futhi wake wacabanga, isaga sakudala esake sashiwo yindoda (umama wayekusebenzisa lokhu kaningi): "Izinyoni zophaphe zindiza ndawonye." Kunjalo. Zibukeni. Angeke ubone amajuba nemithuthambi ndawonye, ngokuba azikwazi ukudla ukudla okufanayo. Umthuthambi, uklebe, angadla noma yini nje. Igwababa lingahlala phandle lapho phezu kwesidumbu esifile futhi lidle. Ijuba belingeke likwenze. Ukuba belingakudla, bekuzolibulala. Alikwazi nje ukukudla. Liwelela ngale ensimini kakolo futhi liqala ukudla ukolo. Lizihlanganisa nohlobo lwalo. Kodwa nansi ingxenye emangalisayo: Ubuwazi ukuthi igwababa lingadla esidunjini esifile liphindel lidle nokolo na? Lingakudla kokubili, kodwa . . . Niyabo?

33 Niyabo, ufanele ubabhekisise labo bafo, lolohlobo, abangahlala emhlanganweni futhi benze sengathi bayawujabulela umhlangano, futhi babuyele baphume futhi bathathe izinto zezwe. Akanjalo amakholwa enhlaliswano namuhla. Kodwa sithanda ukuzibuthanela kanye nalabo abazahlukanisa nezinto zezwe: ababizelwe ngaphandle futhi benziwa izidalwa ezintsha kuKristu Jesu, futhi behlanganyela ezibusisweni zikaMoya oNgcwele. Yeka into emangalisa kanje pho.

34 Manje, umuntu wazalelwa ukuba abe nenhlanganyelo. Umuntu, ekuqaleni, emuva ensimini yase-Edene, wayenenhlanganyelo emangalisayo. UNkulunkulu uyehla futhi ahlanganyele nahambisana nabo baKhe abesilisa nabesifazane njalo kusihlwa. Ngokuphola kwakusihlwa uNkulunkulu wayezokwehla ngaphansi kwezihlahla ezinkulu zesundu, mhlawumbe ukuKhanya kwaKhe okungcwele, njengoba kwakunjalo, kukhanya phansi ku-Adamu no-Eva, kulelosonto

elikhulu obala. Inhlanganyelo noNkulunkulu; babengenalutho lokukhathazeka ngalo inqobo nje uma babehlanganyela.

35 Ngithanda inhlanganyelo namadoda. Ngithanda ukuphuma futhi ngikhulume nabantu abathanda iNkosi, futhi ngibe nenhlanganyelo nabo, ngoba sibona into efanayo. Izinjongo zethu ziyefana. Imibono yethu iyefana. Ngithanda ukukhuluma nabantu e...nginomngane ohlezi khona phansi othanda ukuzingela nokudoba. Izikhathi eziningi siba nenhlanganyelo eningi ndawonye, sihlezi nje sixoxa ngalezozinto, ngoba siyazithanda lezozinto. Manje...

36 Kodwa inhlanganyelo enkulu kunazo zonke ukuthi noma yimuphi umuntu ake aba nayo kwakungenkathi enenhlanganyelo noNkulunkulu, ngenkathi uNkulunkulu esezinikele Yena uqobo evulekile kumuntu ukuba ahlanganyele emuva naphambili nesidalwa saKhe, uMdali nesidalwa saKhe.

37 Manje, ngenkathi uNkulunkulu ehlanganyela no-Adamu ensimini yase-Edene, u-Adamu wayengenalutho ukuba akhathazeke ngalo. Konke kwakuhamba ngokuthula, futhi kuhamba kahle. Wayengadingi ukukhathazeka ngezingubo zakhe; wayengadingi ukuba akhathazeke ngazokudla. Wayengadingeki akhathazeke ngokugula; wayengadingeki akhathazeke ngokufa, usizi. Wayengazi lutho ngakho, inkululeko nje njengomntwana. WayenoBaba waseZulwini Owayemgadile futhi ehlanganyela naye nsuku zonke. Bekungeke yini kube ngokumangalisayo ukuba besingabuya kanjalo futhi na?

38 Futhi niyazi wonke umphefumulo ohlengiwe namuhla, ophila ngaphansi kwenhlanhla yalolo hlobo lwenhlanganyelo noNkulunkulu na? Uyakukholwa lokho na? UNkulunkulu uzonakekela futhi ahlinzeke konke esikudingayo kulolu hambo. Futhi ekupheleni kokuvalwa kwalelitabernakele elidala elifayo, uNkulunkulu wethembisa ukusinika elinye. Amen.

39 Uyazi nginombono omncane oxakile mayelana nokuthi lapho sifa. Ngingase futhi ngikuzwakalise; Ngisekhaya. UMfowethu uJoseph washo ngesinye isikhathi... Ngangizophendula umbuzo wowesifazane obungase uphambane kancane. Wathi, "Mfowethu Branham..."

Ngathi, "Manje, Mfowethu Joseph, nakhu engifuna ukukusho, noku-..."

40 Wathi, "Bheka, ungakusho." Wathi, "Lapho sibhala i... imithetho yethu nesikukholwayo kuleli bandla, siphetha ngokhefana, hhayi ungqi. Siyakukholwa lokhu, nokunye okuningi esikuzwayo." Ngakho-ke lokho—lokho kuhle kakhulu; Ngiyakuthanda lokho.

41 Manje, ngenkathi...uJohane 14, ngenkathi Ethi, "Endlini kaBaba waMi kukhona izindlu eziningi," ekhuluma kubafundi baKhe ngaphambi kokumuka, angikucabangi

lokho kungokwamatshe nezitini nodaka. Ngikholwa ukuthi itabernakele Ayekhuluma ngalo lalingomunye umzimba okwakuzohlalwa kuwo. Niyabo? "Ekhaya likaBaba waMi kukhona amatabernakele amaningi noma izindlu. Dilizani lelitabernakele, Ngiyakulivusa ngezinsuku ezintathu." Kanti futhi, "Uma lelitabernakele lasemhlabeni lidilizwa, sinelilodwa eselilungisiwe futhi elilindile." Niyabo? Khona-ke ngiyakholwa, ukuthi lapho si . . .

42 Bengimi ezinsukwini ezimbalwa ezedlule eNtabeni iWilson, ePalomar, njalo, phandle lapho eCalifornia, leyondawo enkulu yokubuka kude, lapho obona khona iminyaka eyikhulu namashumi amabili ezigidi zebanga lokukhanya, futhi zazibamba isikhathi. Futhi ukuthi isayensi iphendulwa kanjani emfundisweni yabo yezenkolo, ngiyanitshela. Ngenkathi ngiya esikoleni, futhi ngilalela leyosayense, ngizokutshela, akukho lutho olufana nengalufundiswa esikoleni.

Niyazi, ubabayi wami wayevame ukuhlala phansi, futhi wayethi (eBhayibhelini), wayethi, "Billy, kungenzeka kanjani emhlabeni . . . "

Ngathi, "Babayi, ilanga limile ngokuphelele, ubufakazi besayense, futhi umhlaba uyalizungeza."

Wathi, "UJoshuwa wathi wamisa ilanga."

Ngathi, "Uzokwenza kanjani lokho na?" Ngathi, "Babayi, siyafundiswa esikoleni." Ngase ngithi, "Bakufakazisile ngokwesayense."

Wathi, "Awu, mhlawumbe bakwenzile, kodwa lokho—lolo akusilo uhlobo lwami lwesayense," washo. Wakholwa, wathi, "UJoshuwa . . . "

43 Futhi ngabuza uthisha weBhayibheli esikoleni. Wathi, "Awu, kusobala, niyazi, uJoshuwa, labobantu ngalezozinsuku babengazi lutho, noNkulunkulu wavele wabuka ukungazi lutho kwakhe, futhi Wamisa izwe esikhundleni." Kodwa manje, kufanele bakuhoxise lokho. Ilanga liyahamba. Ilanga nalo liyaphenduka. Bakufakazisile ngokwesayense. Ilanga liyaphenduka.

44 Ngesikhathi ngisewumfana ngiya esikoleni, babethi lapho kushona ilanga, liveza ukukhanya phezu kwezinkanyezi, bese kuba yizinkanyezi ezibonakalisa ukukhanya kwelanga. Manje, bona bayafakazisa ngokwesayense ukuthi ngeke kube njalo. Kuthatha izigidigidi nezigidigidi zeminyaka ngokukhanya kwelanga, ukuhamba amamayela ayizigidi eziningi kakhulu ngehora, noma ngabe kuyini, ukuhamba ukusuka elangeni, ukufika kwenye yezinkanyezi, ngakho-ke akunjalo. Inkanyezi yenza ukukhanya kwayo manje.

45 Umfana kaMfowethu Moore uthweswe iziqu, futhi omunye wesayensi enkulu uyafika, lapha emavikini ambalwa edlule,

futhi wamsingatha, futhi wamnika umfundaze wakhe. Washo, e-Washington, DC, banezincwadi zososayensi zakamuva eziyikhulu namashumi amabili nane ezikhuluma ngayo yonke isayensi yesimanje efakazelwe ngokwesayensi. Wathi, "Nsizwa, kungakuthatha iminyaka emibili ukufunda uqede leyoncwadi. Futhi ngemva kokuzifunda uziqede kuzomele ulahle konke okufundile, ngoba kuzoba khona okwehlukile."

46 Futhi lapho esho lokho, ngaqhumisa u "Amen" omncane, emuva lapho. "Kodwa . . . " Ngacabanga, bengingama futhi ngisho lokhu: "Kodwa ngineNcwadi lapha iminyaka ezoyiphenya iqhubeke njalo njalo, awusoze wadingeka ukuba uyekethise. Iyohlala ifana, ngoba Iphefumulelwe." Bafanele babuyele kuYo ngaso sonke isikhathi. O, ungazami ukufunda, wenze izinwele zakho zibempunga uzama ukutadisha isayensi. Tadisha nje iBhayibheli likaNkulunkulu, ngoba LiyiNcwadi emsulwa kunazo zonke.

47 Khona-ke ngicabanga ukuthi noma nini lapho lomphefumulo uphuma emzimbeni, singena kwenye indlu engakhiwe ngezandla. Singena eBukhoneni bukaNkulunkulu, futhi lapho sitabernakele naYe eBukhoneni beNkosi uJesu, futhi lowo unamandla onke, o, ngiqonde owazi konke, ukuyo yonke indawo. Bese kuthi-ke, uma Enjalo, sinjalo, lapho singena etabernakele lethu elisha laphaya. Futhi-ke, uma Ethe, "Lapho kubuthene ababili noma abathathu, Ngiyoba phakathi kwabo," khona-ke Ubophezelekile ukuba lapha kulentambama. Ngokuqinisekile njengoba likhona i—iZulu nomhlaba, uJesu Kristu ukhona manje. Kodwa lokho okuyikho, Usesimweni esingabonwayo. Ngeke saMbona, kodwa kukhona okuthize ngomphefumulo womKristu, ukuthi lapho umuntu eqonda lapho uBukhona baKhe bulapho, umi eBukhoneni beNto ethize angayiboni.

48 Siyazi ukuthi kunomsakazo odlula lapha manje. Kunomabonakude odlula lapha manje. Amehlo ethu awakwazi ukukucosha. Kodwa kukomunye umhlaba; kanjalo neziNgelosi zikaNkulunkulu ezibekwe kuleli gumbi zibhekile kulentambama. "IziNgelosi zikaNkulunkulu zikanise ngakulabo abaMesabayo." UJesu ukhona yonke indawo, ngaso sonke isikhathi, esibhekile. Futhi siyazi ukuthi lokho kuyiqiniso.

49 Ngiyacabanga ngenkathi u-Eliya, ezansi lapho eDothani, ngenkathi uGehazi ephuma futhi wabuka ngaleya, wayesethi, "O, yonke impi yamaSiriya, babheke; sebewukanisile lo muzi futhi sizungezwe."

U-Eliya wathi, "Baningi abanathi kunabanabo."

Wathi, "Awu, angiboni muntu."

50 Wathi, "Nkulunkulu, vula amehlo alomfana." Futhi lapho amehlo akhe evuleka, izintaba zazivutha, neziNgelosi zomlilo, izinqola zomlilo. Impela. Ulapha.

51 Futhi lapho amakholwa angamaKristu engakukholwa lokho okukhona manje, khona manje, ehlezi ndawonye, ehlezi lapha ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, kuKristu Jesu, ehlanganyela (Amen.) ngaseZwini likaNkulunkulu, uMoya oNgcwele lapha ethatha iZwi kaNkulunkulu ngombono, eLikhipha alifake kuyo yonke inhliziyo *kanjalo*, njengoba iZwi liphuma futhi lonke ikholwa liLemukela. O, uma besingama futhi sithathe amalungelo ethu esiwaphiwe nguNkulunkulu. Yingalesosikhathi lapho uNkulunkulu engake akhiphe lelothambo lesifuba emhlane womuntu futhi afake kuye umgogodla wangempela weVangeli lemfashini endala kuye, umuntu othile ozomela iqiniso, kungenandaba ukuthi kubukeka kumnyama kangakanani.

52 UNkulunkulu wavumela abantwana bamaHeberu ukuba bahambe ngqo bangene esithandweni somlilo ngaphambi kokuba Aze aphendule isandla. Uhlala elapho; ungesabi. Uhlala ekhona. Amen. Khona-ke uma izinyathelo zolungileyo ziqondiswa yiNkosi, yini esifanele siyesabe na? UNkulunkulu abe nawe, ngubani ongamelana nawe na? O, he, cabanga ngakho. O, uma uNkulunkulu evumela izingxenye zaKhe zaseZulwini zisiqoqele ndawonye emhlanganweni . . . Amen. ukuzama nje ukuthola leyondawo yokuphuma njengoba uMoya oNgcwele ethatha iZwi futhi egxoba njengesando somoya edwaleni. O, he. Hlephula izinhliziyo zethu ezingamatshe futhi ususe ukukholwa . . . lokho kungakholwa, nenhlanganyelo ngaseZwini. Inhlanganyelo iyamangalisa.

53 Lapho u-Adamu no-Eva bezehlukanisa noNkulunkulu ngesono, bebahlukanisa, baba umhambuma ngalesosikhathi, kungekho nhlanganyelo, bezulazula, bephelelwa amandla. Nanso-ke inkinga ngabantu namuhla. Isono sihlukanise abantu kulolo hlobo lwenhlanganyelo. Namuhla siyamangala ukuthi sizokwenza kanjani *lokhu*, futhi siyamangala ukuthi sizokwenza kanjani *lokho*.

54 UJesu wathi, "Abahedeni bafuna izinto ezinjalo, kanjani thina . . . siyakudla kanjani nokuthi siyakwembathiswa kanjani, noma sizokwenzani nga*lokhu*, *lokho*, noma *okunye*. Ngemva kwazo zonke lezo zinto," Uthi, "abezizwe, abangakholwayo, bayafuna. Kodwa uYihlo oseZulwini uyakwazi enikudingayo ningakaMceli." Yeka isimo sokungakhathali manje.

55 Ngani, nginentombazane endala enamehlo ansundu ezansi lapho, kungani yayigxuma isuke othangweni, yehle, noma yini; ayikhathali, inqobo nje uma ngimi lapho. Yathi, "Babayi ngiqukule." Hamba uyodlala. Ayikhathali nje. Ngacabanga, "O Nkulunkulu, uma nje bengingaba kanjalo, ngingakhathali nje."

56 Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, uMfowethu Joseph wangikhuthaza kakhulu. Ngibone izinto eziningi zivuka emabandleni okwakungafanele kube khona, futhi o, awu, ngangingum-Irishi niyazi, kwadingeka ngiphume futhi ngimise konke mina uqobo. Futhi ngi—ngangizophuma futhi ngithi, "*Lokhu* ngeke kube *kanje*, futhi *lokhu* ngeke kube *kanjalo*: ungeke ukwenze, ngoba uzolona uhlelo lukaNkulunkulu. Ungenisa izinto phakathi lapho ezingafanele zibe khona, nakho konke lokhu." Futhi ngangazi ukuthi kwakungalungile, akulungile ngokomBhalo. Futhi mina . . .

57 Into yokuqala niyazi ngiqala ukuzithola ngithi ukuphuma kancane emgqeni, ngiba muncu. Ngema phandle lapho ngase ngihamba, ngiqala ukukhuleka, noJoseph wehla. Wathi, "Bheka, ngisanda kufunda umlando kaMartin Luther, futhi umbuzo wawungukuthi abazange bazibuze ngoMartin Luther ekwazi ukubhikishela ibandla eliKatolika futhi azedlulele kukho. Kodwa isimangaliso esasikhona ngoMartin Luther, yiyo yonke intshisekelo eyeqile eyakulandela, futhi wasukuma waphuma kukho konke. Yilokho okusemqoka."

58 Ngase ngizwa ngokwakungathi, ukuthi uKristu wathi, "Kuyini lokho kuwe na? Ngilandele wena. Ngizokunakekela okusele. Wena vele uqhubeke uNgilandele." Kunjalo-ke. Bese ubuyela ekungakhathazekini futhi, kulungile.

59 Lapho umuntu ezihlukanisa noNkulunkulu, uba umhambuma, ezulazula yonke indawo. Futhi isithombe esinje pho sanamuhla. Lapho umuntu ephuma ngempela enhlanganyelweni noNkulunkulu; kuleliviki uyiMethodisti, ngeviki elizayo uyiBaptisti, bese kuthi-ke uba yi*lokhu*, na*lokho*, no*kunye*: ezulazula, ephonswa ngapha nangapha yiyo yonke imimoya yemfundiso. Inhliziyo ibifanele iqiniswe. Angisho ukuthi ufanele ube yiMethodisti, iBaptisti, kumbe noma yini; ufanele ukulungisana noNkulunkulu.

60 Lapho. Akunandaba ukuthi uya kuliphi ibandla, kuphi . . . iqembu. Nihlanganyela noma yiliphi iqembu, lokuthi ngabe yi-Assemblies, noma i-Oneness, noma iTwoness, noma Yakamuva yoSuku Sai- . . . Izimvula, kumbe noma ngabe kuyini, inqobo nje uma inhlanganyelo yenu ihlanzekile noNkulunkulu. Amen. IBhayibheli lathi, thina . . . "IGazi likaJesu Kristu liyasihlanza kuso sonke isono, futhi khona-ke siba nenhlanganyelo omunye nomunye." Amen. Ngiyakuthanda lokho. O, he. indlela . . .

61 Khona-ke uNkulunkulu wabona lowomuntu ephuma enhlanganyelweni, khona-ke Ufanele enze okuthize ukubuyisela isidalwa saKhe emuva lapho Ayengathola khona inhliziyo yakhe futhi, lapho esasingathola khona indlela yaso—yaso ebuyela emuva. Manje, yilapho ingxenye—ingxenye edabukisayo eqala khona manje.

62 Manje, umuntu uzame ukufaka okuthile esikhundleni saleyonhlanganyelo kusukela ekuqaleni kwesikhathi. Manje, namhlanje sithi, "Impela, wonke umuntu woza ujoyine isonto lethu. Sinakho." IMethodisti ifuna ukukholwa lokho kwelabo, iBaptisti kwelabo, iKatolika kwelabo, iPresbyterian kwelabo, iPentekoste kwelabo, ubuPhostoli lwelabo. Futhi kulokho babumba isimemezelo sezivumokholo. Futhi banalelibandla elimisiwe nesigejane sezivumokholo, futhi ngakulokho bazisho ukuthi *leyo* yindlela yokuba nenhlanganyelo. Lalela, awukwazi ukuba nenhlanganyelo ngaleyo ndlela. Ungajoyina lonke ibandla elikhona ezweni futhi ube usengaphandle kwenhlanganyelo noKristu. UNkulunkulu wendlala icebo kuphela emuva lapho ekuqaleni, lapho Ehlaba iwundlu, noma imvu, futhi wendlala umata wokwemukela ukuze uhlanga lwesintu lubuyele enhlanganyelweni, futhi lokho kwakungegazi. Amen.

63 Manje, nizwa okuncane kakhulu ngeGazi namuhla. Sihlala sikhuluma ngezinye izinto. Sikhuluma ngezikhathi nangebhomu le-athomu. Zilungile lezozinto, kodwa, mfowethu, kimi ngaphandle kokuchithwa kweGazi akukho ukuthethelelwa kwesono. Futhi lapho iGazi selibhecwe ngokuyikho, kuyaqedwa ngesono, nomuntu ubuyele enhlanganyelweni noNkulunkulu. Amen. Esikudingayo namuhla yimvuselelo enhle yakudala, ethengwe ngeGazi. Amen. Ukuphila kulele emgudwini wegazi. Futhi lapho iGazi likaKristu lisihlanza kukho konke ukungalungi, khona-ke sinenhlanganyelo noNkulunkulu.

64 Ungaphenduka, noma ukhuphuke futhi wenze ukuvuma, uye ekuvivinywweni kwezinyanga eziyisithupha, ufafazwe ngesigubhu sikasawoti, futhi ube ngowebandla leMethodisti (Yebo, mnumzane.), futhi ube nenhlanganyelo nabo bonke. Kulungile lokho. Noma ungakhuphuka ngebandla leBaptisti, futhi uthole isandla sokunene senhlanganyelo, futhi wenze ukuvuma, ubhaphathizwe emanzini, ube nenhlanganyelo nebandla leBaptisti. Ake ngikutshele, ebandleni lePentecostal ungakhuleka isikhashana uze ukhulume ngezilimi, futhi ube nenhlanganyelo nabo bonke. Kodwa, mfowethu, dadewethu, uze umphefumulo wakho ugezwe eGazini likaJesu Kristu, awusoze waba nenhlanganyelo naYe. Kulungile.

65 Futhi lapho umphefumulo wakho usugeziwe eGazini leWundlu, bonke ububi, inzondo, umona, ukuxabana, zonke lezi zinto sezifile. IGazi lenza ukubuyisana. Amen. Yingalesosizathu namhlanje enhlanganyelweni yethu yePentecostal, enhlanganyelweni yethu ehlukene yeVangeli eligcwele, sinokuningi okuqhubekayo, kuningi kakhulu i-. . . umhosha nezinto emizimbeni yethu, ngoba "izinkoleloze" zethu—zethu—zethu nezinto, njalo, sekungenile. Yingoba lowo uzophuma futhi abe yi*lokhu*, nomunye aphume abe yi*lokhu*, nomunye aphume furhi aqale i—ihlelo noma inhlangano. Sona

kanye isizathu salokho yingenxa yokuthi inhliziyo yomuntu yayingalungisene noNkulunkulu kwasekuqaleni. UNkulunkulu usifuna sonke njengoMzimba owodwa: uMzimba owodwa wamakholwa, abhaphathizwe ngoMoya oNgcwele. Amen. O, he, uNkulunkulu wendlala umata owodwa ukuhlangana nabantu phezu kwawo. Kwakungumata wokwamukela lowo. Kusuka ebudlelwaneni obake bawa, ukubuyiselwa emuva yiGazi. NgeGazi unenhlanganyelo, ukubuyiselwa enhlanganyelweni noNkulunkulu.

66 U-Adamu akakwazanga ukuhlangana phezu kwesayense yakhe yezenkolo. Wazithungela amaqabunga omkhiwane, kodwa akusebenzanga. Wazenzela eyakhe inhlangano; wazenzela elakhe ihlelo, kodwa akuzange kusebenze.

67 Futhi namuhla, o, ngenkathi ngishayela ngenyuka ngizungeza ohlangothini lwekoloni yakho yabanqunu ezansi lapha, isendleleni enhla lapha. Abakwazi ngisho nokulinda kuze kube i—kuze kube ilanga seliyashisa. Belele bezihundulile ebhishi phansi lapho; abesilisa nabesifazane ndawonye, kwakubukeka njengesigejane sa-angazi-ukuthini. Futhi bonke, mhlasimbe, besonta ebandleni elithize ndawondawo, besho imikhuleko embalwa lapho ngobuhlalu, noma becula iHubo lokubonga ndawondawo, mhlawumbe emakhwayeni, futhi balale phandle kanjalo. Kukhombisa ukuthi okuthile kudedelile. Izidalwa eziziphethe kahle, abantu abahluzekile ngeke benze kanjalo. Mfowethu, yiqiniso lelo. Uma uke wathola ukuthinta kukaKristu enhliziyweni yakho, uyosuka ezindaweni ezinjalo. Amen. Manje, ya, lokho kungahle kungavumelani. . .ungahle ungavumelani nalokho, kodwa yehlela kuleyonhliziyo ngesinye isikhathi ngqo, futhi ubone ukuthi uNkulunkulu uzokwenzani ngakho.

68 Ngiyanitshela, ngisho nentombazanyana yami empofu, ayikakabi neminyaka emibili ubudala, yaphuma ekamelweni lapho. . .yaphumela e. . .ngolunye usuku, phandle egcekeni, futhi kwakukhona owesifazane phandle lapho wayegunda utshani egqoke i—izingubo ezincane ezindala ezibukeka kabi kabi, futhi lowomntwana oneminyaka emibili ubudala wangena futhi wathi, "O, Babayi, leliya nenekazi likhohlwe isiketi salo." Manje, nakho lapho okhona. Uyabo, ingane yazi kangcono.

69 Kodwa lapho abesilisa nabesifazane bevumela izinhliziyo zabo zibaswe, ngamademoni, amandla kadeveli. Akukaze kube khona ngaphandle kwento eyodwa kuyo yonke iminyaka eyayiyohhundula amadoda, futhi lokho kwakungodeveli, ukuhhundula abesifazane, njalo (Lokho impela.), noma amadoda, noma yimuphi. Kubukeka sengathi isigejane sezilwane zangaphambi komlando, ezilele zihhunduliwe phandle lapho zingenanembeza. IBhayibheli lathi bayoshiswa unembeza wabo ngensimbi eshisayo.

70 Futhi labobantu abafanayo, lona engikhuluma ngaye ikakhulukazi, engimaziyo manje, ucula ekwayeni. O, he. Babenenhlanganyelo namaqembu abo, impela. Kodwa, inhlanganyelo noKristu. Yebo, mnumzane.

71 Ngiyazi lokho kunamandla, mfowethu, dadewethu. Kodwa uNkulunkulu asisize. Uma ibandla lePentecostal lingabuyeli eGazini likaKristu futhi, usuhambile. Kunjalo. Buyela emuva. Kwakuvamise ukuba yi—isono kudala ukuthi abantu bakithi bePentecostal ukuthi benze kanjalo. Babengakwenzi esikhathini eside esedlule. Kodwa bayakwenza futhi, manje, yingoba ipulpiti liyaxega.

72 Uqala ukucabanga ngokuthi ungowaleli*leli* bandla, noma ihlelo, noma *enye into* efana naleyo. Kungcono ube nenhlanganyelo futhi noKristu. Amen. Kuzoba yinto embi kabi ngolunye lwalezi zinsuku, enye yezinto ezidumazayo ekwaHlulweni. Ugweva ngeke abe khona; uyazi ukuthi ukubhubha kwakhe kuyini. Umqambimanga nesela, bayazi ukuthi kuyini ukubhujiswa kwabo lapho bema phambi kukaNkulunkulu. Kodwa lapho kufika ukudumala, yilabo abangabamabandla ePentecostal bayojikiswa baye ohlangothini olulodwa, ngokuba bazi kangcono futhi bangena kukho ngamabomu. Amen. Haleluya!

73 Esikudingayo namhlanje yimvuselelo enhle eyimfashini endala, enyakazayo. Asibuyele endaweni yakho futhi ngaphansi kweGazi leNkosi uJesu, ngaphansi kwenhlanganyelo.

74 Kube yindlela yokusondela njalo ezansi kudabule onyakeni, ezansi kudabule kubantu. Bhekisisani ezansi lapho, ukuphela kwendlela kaNkulunkulu okwakuyiyo. INcwadi endala kunazo zonke eBhayibhelini uJobe. Lapho uJobe esondela kuNkulunkulu futhi waba nenhlanganyelo noNkulunkulu ngegazi elachitheka, uJobe wanikela ngemvu isikhathi ngasinye lapho eya enhlanganyelweni. Abakhonzi beTestamente eLidala, kusukela le kudabule kuGenesise kuze kuyothi ngqu ngaleya eTestamenteni eLisha, njalo uma beyoba nenhlanganyelo noNkulunkulu, babenza umnikelo wokushiswa, bahlabe iwundlu kuqala, ngoba basondela ngaphansi kwegazi.

75 UJobe, ngenkathi waye...esondela kuNkulunkulu, wayebulala iwundlu. Leyo yiNcwadi endala kunazo zonke eBhayibhelini, yalotshwa ngaphambi kokuba uGenesise alotshwe. UMose waloba uGenesise, manje, emakhulwini eminyaka kamuva. Kodwa qaphelani, uJobe wayeyiNcwadi endala kunazo zonke, futhi kusukela le e-Edene, uJobe wayeyokwenza umhlatshelo, athulule igazi lewundlu, futhi ngalelogazi wayeyovuma iphutha lakhe: "Kwangathi uNkulunkulu angaba nomusa kimi manje, futhi ngisondela kuWe ngegazi."

76 Uyazi ukuthi kungani abantu bengaphendulwa umkhuleko yabo ngendlela okufanele baphendulwe ngayo na? Beza emsebenzini ekusetshenzweni ngesayense ephathelene nengqondo esikhundleni sendlela yeGazi. Kunjalo. Woza ngeGazi.

> Wundlu elifayo elithandekayo, iGazi laKho eliligugu
> Alisoze lalahlekelwa amandla,
> Lize lonke iBandla likaNkulunkulu elihlengiwe
> Lisindiswe, ukuba lingabe lisona.

77 Yilokho esifanele sidlule kukho: iGazi elichithiwe. Futhi lapho uJobe wanikela ngegazi elichithiwe lapho esondela kuJehova, azi ukuthi uNkulunkulu wayengeke amamukele phezu kwanoma yini enye. Uma usondela kuYe namuhla ngegama lendoda elungile, "Ngikhokha izikweletu zami. Angimkhohlisi uhulumeni. Ngikhokha intela yami yeholo. Ngenza zonke lezi zinto. Ngingumakhelwane omuhle," nokho, uNkulunkulu akasoze akuzwa. Uma uthi, "Ngiyilungu lebandla elithembekile, ngikhipha okweshumi kwemali yami, nganikela ngeminikelo emikhulu ebandleni, ngiyinsika lapho," uNkulunkulu akasoze akwemukela, neze, nakancane.

78 Wena uthi, "Awu, umama wami wayengowesifazane olungileyo; ubaba wami wayeyindoda elungileyo; umkhulu wami wayengumshumayeli. Konke engikwenzayo futhi angikaze ngikwenze *lokhu*; angikaze ngebe; angilokothi ngiphuze; angilokothi ngibheme; angilokothi ngiqambe amanga; angilokothi ngizenze lezi zinto." UNkulunkulu akasoze akuzwa.

79 Futhi akunandaba ukuthi ungubani, ubumubi kangakanani, uma uzoza ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu ngeGazi lomhlatshelo, uthatha futhi ubeka isandla sakho phezu kwekhanda leWundlu elifileyo, leWundlu elifayo, futhi uvume iphutha lakho, futhi uMemukele, khona-ke uNkulunkulu uyogcwalisa umphefumulo wakho ngoMoya oNgcwele, eshisa bonke ububi, okwenyama, futhi ekwenza isidalwa esisha.

80 UJobe, ngicabanga ngoJobe ngalolosuku njengobabayi. Wayenesigejane sabantwana. Babethi ukuphambuka. Futhi wayehlale ecabanga ngabantwana bakhe. Bekungeke yini kube ngcono kakhulu ukuba onke amalungu ebandla eChicago ayenalolo hlobo lombono mayelana nezinganyana zawo na? Ubungeke ube nobuhlongandlebe babantwana. Ubungeke uzibone lezi zibhelu zezinhlanga, futhi, ngiqonde ukuthi, lezi zibhelu nezinto abanazo ngalapha namuhla: ukudubula, ukubulala, ukweba, ukudlwengula, nazo zonke lezi zinto, kungenxa yokuthi abantu abanandaba nabantwana babo. Into yokuqala abayishoyo, "Awu, ngababafaka embhedeni wengane oyendezelayo besebancane, konke okunye ngakunikela kuthisha

kaSonto sikole," bese yena ephuma emdansweni, mhlawumbe, ubusuku bonke, angene, elungiswe njengokungathi uya esekisini esikhundleni sokuya esontweni. Futhi ubeke abantwana bakho ezandleni zento efana naleyo na? Mama, ngiyakudabukela!

81 Ubufanele ubeke lowomntwana oswele ezansi *lapho* futhi ufunde iBhayibheli. Beka izandla zakho phezu kwekhanda labo, ubize uNkulunkulu. "Nkulunkulu, yiba nomusa. Ngcina indodakazi yami, indodana yami." Yebo.

82 Ngiyakuthanda ukukwenza, ngithathe lawomantombazane ami amancane, ya, ngiwahlalise phansi lapho, futhi ahlezi, amehlo awo amancane elalele, noma—noma, izindlebe zawo zilalele, namehlo awo ebuka, ngizobatshela mayelana, konke ngoJesu, nokuthi Ubathanda kanjani, nezinto. Bayoguqa babheke ezihlalweni futhi bakhuleke njengathi sonke. Yileyondlela esifuna ukukwenza ngayo, akunjalo na? Yileyondlela abaningi benu abakwenza ngayo. Yilokho ofanele ukwenze.

83 Ngangena ekhaya amaningi, futhi abantwana bonke babuthene okwemikhuleko yomndeni njalo. Nkulunkulu, busisa lowomndeni. Yileo goda elibophayo. Ukube ubukwenzile lokho ekhaya lakho, bekungebebikho amacala amaningi kangaka ezehlukaniso, nezinto ziqhubeka ngendlela eyenzeka ngayo. Ninenhlanganyelo omunye nomunye.

84 Khona-ke ngibona uJobe, abantwana bakhe bashada futhi bahamba ngezindlela ezahlukene, njengoba benza njengezinyoni ziphuma esidlekeni. UJobe, azi ukuthi yayingekho enye indlela, kungeyona indlela engenzeka, ukuthi umuntu angake asondele ngayo kuNkulunkulu futhi abe nenhlanganyelo naYe, kuphela ngewundlu lomhlatshelo, ngegazi; UJobe wathi, "Mhlawumbe abantwana bami bangaba bonile, ngizakunikela ngewundlu ngabo." Okuthile kwatshela uJobe ukuthi kungcono akulungiselele, kungcono alungele. Futhi lapho esenikele ngewundlu lomhlatshelo wabantwana bakhe, ngolunye usuku kwenzeka. Izivunguvungu ziyafika futhi zabulala inqwaba yabo, nomlilo kanjalonjalo, nembubhiso. Kodwa ngaphambi kokuba lokhu kwenzeke, uJobe waqiniseka ukuthi wonke umuntu wayengaphansi kwegazi. Amen.

85 Ukwenqatshwa, kuMalile namuhla. Lesi sizwe sibulala uKristu ngokushesha ngakho konke, sidabukisa siqhelisa uMoya oNgcwele ngezivumokholo nangezinhlobo zenkolo, sidabukisa uMoya oNgcwele.

86 Bengifunda esikhathini esingeside esedlule. . .Ngezwa ndawo ndawo, ngalomvangeli omkhulu uBilly Graham ngenkathi eseScotland. Niyazi ukuthi yini indaba na? Uma abantu bePentecostal bebengahlanganisa amakhanda abo, esikhundleni sokuhlukana futhi benze yonke into njengoba nenzile, izinkonzo zenu beziyoqhubeka njengamaBaptisti;

kodwa amaBaptisti akususa kini. Kunjalo. Banemvuselelo, beya ndawondawo, ngoba baphonsa yonke into ababenayo e-altare, umprofethi wabo, futhi base behamba. Banamathela emva kwakhe. Kodwa namhlanje, akusukume oyedwa kwi-Assemblies, futhi . . .?. . .

87 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . hlalisa cishe izinkulungwane eziyisikhombisa, futhi cishe nganginezinkulungwane eziyisikhombisa ezimi ngaphandle, futhi wayenezinkulungwane ezintathu. Masishintshane. Ngakho-ke lapho ngiya ngaleya ukuyombona, ngacabanga umfana othile omdadlana esukumile njengokuthi, usho imvumelwano encane, imvumelwano yasenkulisa: "UJesu, uMntwana omncane ozalelwe emkhombeni." Kodwa lapho sengibone lowomfanyana, hhe, kwakuhlukile. Lowomfo omncane cishe nje ophakeme *kangako*, ngangingazi ngisho nokuthi kwakunguDavid omncane. Walahla ibhantshi lakhe, wathatha umbhalo, futhi washumayela njengomshumayeli. Ngiqonde ukuthi uNkulunkulu wayenaye.

88 Ngathi, "Kukhona umfana omncane uNkulunkulu amthuma. Manje, uma nina befundisi besonto nizomzungeza, ningamvumeli azikhukhumeze ekhanda lakhe, futhi nimyeke abaleke nesigejane semali, futhi nimzungeze, futhi nibeke ukuthonya okufanele phezu kwakhe, uzosindisa izinkulungwane zabantwana abancane."

89 Kodwa ngangimi ngaleya e-Oregon, eGrants Pass, e-Oregon, ngokunye ukusa, phambi kukaMfowethu Hall kanye nabo. Ngathi, "Bhekani. Ngeke kusebenze." Ngathi kwabanye beqembu, ngathi, "Kuthiwani-ke ngokuthola uDavid omncane manje ukuba eze edolobheni njengalokho kwenza na?"

"Ngani," wathi, "Uyi-Oneness."

90 Ngathi, "Angikhathali ukuthi uyini. UNkulunkulu unaye." Awu, kusobala, manje i-Assemblies yadingeka ibatholele uDavid omncane. Futhi iChurch of God yabatholela uDavid omncane. Futhi into yokuqala uyazi, kunezinkulungwane zoDavid abancane. Sona impela isimiso uNkulunkulu ayezama ukusifinyelelisa kubantwana, bayidiliza into.

91 Abalwazi usuku lwabo. "Inkabi iyawazi umkhombe wenkosi yayo, nomnyuzi uyasazi isibaya sawo, kodwa abantu baMi abazi," kwasho uNkulunkulu. Kunjalo. Abalwazi usuku lokuhanjelwa kwabo. Kuyinto exake kakhulu ukuzama, noma, into exakile kunazo zonke ukwenza abantu bakaNkulunkulu babone usuku lokuhanjelwa kwabo. Impela bavele baqale ukudonselana *kokunye okuthile*, noma abantu noma *okuthile*, futhi abazi ukuthi kuphathwa kanjani lokho. Bahambisa inhlanganyelo yabo ehlelweni esikhundleni sokungena kuKristu.

92 Kwase kuthi-ke lapho uJobe esebonile ayekwenzile, manje-ke, ukuthi wayewunikele kanjani lowomhlatshelo, iBhayibheli lathi abantwana bakhe babuthana naye. Manje, benza amalungiselelo.

93 Omunye umcabango: u-Israyeli, ngenkathi babenenhlanganyelo, qaphelani abakwenzayo. Ngaphambi kokufika kwembubhiso enkulu, ingelosi eyabhubhisa amazwe abo, ingelosi ebhubhisayo, into yokuqala eyenzekayo, u-Israyeli wayalwa ukuba athathe ivundlu, futhi alibulale, futhi abeke igazi phezu komnyango. Futhi wonke umndeni uyangena futhi udle lelowundlu: inhlanganyelo ngasewundlwini eligazingiwe. Udla isidumbu somnikelo ofile esikhundleni sawo. UNkulunkulu wathi, "Nxa Ngibona igazi, Ngiyodlula kini." Ingelosi yokufa yayingenakubathinta, ngoba igazi lewundlu laliphezu komnyango, futhi babephakathi lapha benesidlo, behlanganyela ngasewundlwini. Kukanjalo enhliziyweni yethu lapho sibheca iGazi leNkosi uJesu lisusa zonke izono, khona-ke singaba nenhlanganyelo sidla iZwi likaNkulunkulu sizungeze itafula likaNkulunkulu, sihlanganyele ezintweni zokuhlonipha uNkulunkulu.

94 Ushumayela ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, bonke abakuKristu bathi, "Amen, kunjalo." Ushumayela ukuthi sifanele silahle zonke izono, ububi, ukuxabana, nezinto. "Amen," uthi ikholwa leqiniso, "kunjalo." Inhlanganyelo eZwini, niyabo ukuthi ngiqonde ukuthini na?

95 Manje, manje, njalo, indawo kuphela uNkulunkulu ake ahlangana nayo, wathi Uyoke ahlangane nomuntu . . . Akazange athembise ukuhlangana nathi emahlelweni. Akazange athembise ukuhlangana nathi nganoma iyiphi enye indlela, kodwa ngegazi elachitheka. u-Israyeli weTestamente eLidala, akunandaba ukuthi babekuphi, bona, ngaphambi kokuba bakhonze uNkulunkulu, bafika endaweni yokuhlangana evamile, okwakuyitabernakele ehlane. Wonke umuntu wayeya ngaleya esiqongweni segquma, futhi wayefuna inhlanganyelo noNkulunkulu, wayengena etabernakele ehlane, lapho ukuze ahlangane noNkulunkulu. UMose, ngenkathi uMiriyamu wayeshaywe ngochoko, wangena futhi wawa phambi kukaNkulunkulu ngaphansi kwegazi elichithiwe. Niyabo?

96 Zibeke endaweni wena uqobo, manje, kulobubusuku, niyabo; ngena ngaphansi kweGazi. Zonke lezi zinto ezisenhliziyweni yakho, zikhiphe. Hamba phambi kukaNkulunkulu ngaphansi kweGazi, uvuma amaphutha akho, futhi ubize, futhi ukulungise, "Ngisize."

97 UMose wathola impendulo yomkhuleko ngaso leso sikhathi ngoba wahamba ngendlela kaNkulunkulu, ngaphansi kwegazi. Ngokuba wayengaba nenhlanganyelo; wangena ngaphansi kwegazi. Manje, qaphelani, iwundlu lahlatshwa.

98 Emuva eTestamenteni eliDala babenethokazi elibomvu. Watshela uMose lapho beqala uhambo lwabo, wathi, "Manje, lungiselelani ukuhlanzeka kwabantu lapho behamba beqhubeka, ngokuba uma benza okubi, baphumile enhlanganyelweni. Futhi ngaphambi kokuba bahlanganyele, ngifuna ubenzele amanzi okwehlukana." Wayeseyalwa-ke uMose: thatha ithokazi elibomvu, ithokazi elincane.

99 Manje, ngifuna niqaphele igama elithi *okubomvu* lisho okuthize. Kimina nawe, *okubomvu* kusho "ingozi." Kodwa *okubomvu* eBhayibhelini kusho "ukuhlengwa," ukuhlengwa ngegazi. Kusukela le kuGenesisi kuye eSambulweni kunomucu obomvu wegazi, ubomvu yonke indlela. Qaphelani, babefanele bangene ngaphansi kwegazi elichithiwe.

100 Manje, Wathi, "Thatha ithokazi elibomvu." Manje, ingabe wake waqaphela ngokwesayensi na? Uthatha into ebomvu ngempela, futhi ubuke okubomvu ngokubomvu, futhi kubukeka kumhlophe. Wake wakwazi lokho na? Okubomvu nokubomvu kubonakala kumhlophe. Futhi ngakho-ke uNkulunkulu, azi ukuthi umuntu wayeyisoni ngokwemvelo, azi ukuthi wayenephutha kwasekuqaleni, Wenza amalungiselelo eGazi elachitheka. Futhi uNkulunkulu, ebuka ngeGazi leNkosi uJesu, ubona wena soni esibomvu simhlophe njengeqhwa. Awusenasono. Lapho uNkulunkulu ebuka ngeGazi likaKristu, akunandaba ukuthi wenzeni, ukuthi singakanani isono osenzile, wenzeni, uma iGazi likaKristu selibheciwe enhliziyweni yakho, uNkulunkulu ukubona uphelele.

101 Lalelani. Ngizonitshela imfihlo encane emizuzwini embalwa mayelana nokuphulukisa ngokukaNkulunkulu nangezinto. Into yokuqala, bangane, ukulungiselelwa kwenhliziyo yomuntu. Yebo, mnumzane.

102 Lapha, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, ngangiphezulu lapha eChicago, lapho isayensi endala yayivamise ukuthi, "'Umuntu ucabanga ngenhliziyo yakhe;' umbhedo, iBhayibheli linephutha. Ayikho imikhakha yengqondo enhliziyweni ongacabanga ngayo. Umuntu ucabanga ngekhanda lakhe, ngengqondo yakhe." Kodwa manje bathola ukuthi uNkulunkulu wayeqinisile. Niyabo? Umuntu akacabangi ngekhanda lakhe, ingqondo yakhe. Uno—ungumuntu okabili. Bheka, umuntu, *lapha* kuqala ngu—ngu—ngubuhlakani. Kodwa bayasho ukuthi enhliziyweni yomuntu, akusiyo inhliziyo yesilwane, akukho kunoma iyiphi enye inhliziyo, kodwa enhliziyweni yomuntu kunegunjana elincane phakathi kwenhliziyo yomuntu, engenalo ngisho ingqamuzana legazi kuyo. Kodwa kungumsebenzi womphefumulo. Ngakho-ke umuntu ucabanga ngempela ngenhliziyo, hhayi ngekhanda lakhe.

103 Manje, uma ucabanga, yileyo-ke indaba sinamalungu amaningi ebandla asivivi namuhla. Abantu banokukholwa

kobuhlakani. Bayozwela, bathi, "O, iBhayibheli liqinisile. Impela. Yebo, mnumzane." Niyabo? Banobuhlakani bokuthi, "O, ngiyakholwa ukuthi iNkosi uJesu Kristu iyiNdodana kaNkulunkulu. NgiMthathe njengoMsindisi oqondene nami": ubhema usikilidi, uphuze ugologo, uphume, uya emidansweni, ulale kulawa mabhishi, nezinto ngalapha. "Impela. UKristu unguMsindisi wami. O, impela, ngempela, ngisonta ebandleni." Lokho wukukholwa kobuhlakani. Abantu abaningi bazoza emgqeni womkhuleko futhi bathi, "O, mfowethu, nginokukholwa." Impela, wukukholwa kobuhlakani.

104 Kodwa lapho lokho kukholwa kobuhlakani sekwehlela kuleligunjana alincane *lapha*, kuba ngokuyikho ngqo. Bonke labodeveli besihogo abakwazi ukukunyakazisa. Kunjalo. Lapho sekufika ezansi *lapho*, umbuzo wesono usuxazululiwe. Amen. Nxa Ethi, "Hheyi, ngiyiNkosi ekuphulukisayo," lapho lokho kufika ngokukholwa kobuhlakani, kucasha ezansi kulelogunjana elincane, abekho odokotela abenele eChicago abakutshela ukuthi uzokufa. Qhabo, mnumzane. Qhabo, impela. Futhi uma bebahle ngempela, yilokho uNkulunkulu akwenzayo. Ungena ngqo futhi athathe lokho kukholwa kobuhlakani, futhi akukhulume kwehle kungene enhliziyweni yomuntu. Futhi lapho kungena enhliziyweni, kuba yinto eyiyo ngqo. Yilapho-ke uNkulunkulu uqobo lwaKhe engena enhliziyweni yomuntu futhi enze lowo mthelela omuhle. Amen. Uma lokho kukholwa kuphuma emqondweni kungene enhliziyweni yomuntu, manje niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

105 Manje, ngaphansi kwegazi elichithiweyo, Wathi, "Thatha lesosithokazi, esineminyaka emithathu ubudala, futhi sifanele sibebomvu." Futhi bazosikhipha lapha. Okokuqala, akufanele neze sibe nejoka entanyeni yaso. O, ngiyakuthanda lokho nje. Manje lalela, lokhu kungahle kushise futhi kushise futhi kushunqe, kodwa kungcono ukukwenza isikhashana nje kunokukwenza unomphela. Bheka, leso—lesosithokazi sasimelele uKristu, futhi uKristu wayengaboshelwanga nanoma yini (Amen.), kodwa kwakunguNkulunkulu yedwa.

106 Manje, ningalingani . . . niboshelwe ngokungalingani ejokeni nabangakholwayo, phumani lapha naku*lokhu* na*lokho*, futhi nizidlalela ngokungafanele, nizifaka ejokeni kulawa maphathi nemidanso, nezinto; zigcineni kude nakho. Zifake ejokeni noKristu. "Bekani ijoka laMi phezu kwenu; fundani kiMi."

107 Lesi sithokazi sasingenakuthwala ijoka phezu kwaso. Sifanele singabi najoka kuso. Khona-ke simelwe sibulawe phambi kompristi omkhulu. Khona-ke lapho umpristi omkhulu, u-Aroni, ebona ukuthi isithokazi sihlatshiwe, u-Eleyazare wathatha igazi ngomunwe wakhe, wase ehamba, walidweba emnyango kasikhombisa phezu komnyango, phezulu ngaphezu komnyango wetabernakele, ubufakazi bomphakathi. Khona-ke isithokazi sasithathwa futhi sifakwe emlilweni futhi sishiswe:

sishiswe futhi khona-ke sesikhishelwe ngaphandle kwesigcawu (Qaphelani, kuhle. Kumele ngiphuthume.), ngaphandle kwesigcawu, lokhu kwakubekwa endaweni ehlanzekile, ngenxa yokuthi kwakungaManzi okuhlukana.

108 Kwabase-Efesu, uPawulu washo laphaya, ukuthi uNkulunkulu, ngokushunyayelwa kweZwi, aManzi okwahlukana . . . Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa ngeZwi futhi iZwi likaNkulunkulu lingaManzi okuhlukana; ngokuba kungokwenziwa busha ngaManzi ngeZwi. Ukuzwa iZwi kuyakwehlukanisa.

109 Manje, ongakholwayo, noma indoda esonweni yayingaphandle. Nansi ingxenye encane esingafuni ukuyidlulisa: ukuthi amanzi okuhlukanisa afanele agcinwe endaweni ehlanzekile. Futhi umshumayeli oshumayela iVangeli ufanele kube indoda ehlanzekile, eqotho; hhayi ixhwala logwayi, hhayi ixhwala lensangu, hhayi isidakwa, noma umdlali wegalofu ngeSonto ntambama, nokunye nokunye kanjalo. Qhabo, mnumzane; kumelwe kugcinwe esitsheni esingcwelisiwe esihlanzekile esingcwele, lowo ophethe imfihlakalo kaNkulunkulu enhliziyweni yakhe.

110 Kufanele kube sebandleni elihlanzekile, hhayi lapho bedlala khona ibhingo egumbini elingaphansi, ilotho, babe namasapha esobho laphaya, nokudansa kwababafo abasebasha. Ngani, mfowethu, uma kuke kwafika endaweni lapho kufanele ngenze lokho ukuze ngibambe izethameli, ngizoyeka futhi ngithathe isigejane sezicupho bese ngenyukela eCanada, ngiyocupha ukuze ngiziphilise. Amen. Ngincamela ukukwenza kunokuthi ngazi ukuthi ngiyekethise eVangelini elimsulwa leNkosi uJesu elingaxutshwe nalutho. Ngiphe inhlanganyelo naYe. Amen. Ngishumayela iZwi. Akumele ube nawo wonke lo mbhedo. Qhubeka neZwi. Futhi iZwi lehlukanisa izoni esonweni sazo.

111 Khona-ke wonke umuntu ephuma enhlanganyelweni ekhuphuka kuqala emanzini okuhlukana ebandleni, futhi wafafazwa ngalawamanzi. Manje, kwakuyini na? *Amanzi* ayekhuluma ngomhlatshelo ofile owaqhubeka phambi kwakhe. Isithokazi esifile safa esikhundleni sakhe. Futhi lapho sishumayela iZwi, akusilo noma yiliphi ihlelo, kukuKristu, uMhlatshelo Owafa esikhundleni sakho, ukuba one, esikhundleni.

112 Uphumile enhlanganyelweni, awukwazi ukuthola umkhuleko wakho uphenduliwe, yonke into imnyama ngakuwe: ngaphandle kwenhlanganyelo. Buyela eZwini manje. IZwi liya ekusikeni, liyakwehlukanisa, "Awu, ubungafanele ukwenza *lokhu*, ubungafanele ukwenza *lokho*. *Lokhu* ku*lapha*. Awusenayo nhlobo inhlanganyelo. Uzikhiphe wena esidlweni." Lawo ngamanzi okuhlukanisa, akutshela okufanele ukwenze.

113 Manje-ke into yokuqala niyazi, ikholwa, emva kokwenza lokho, into elandelayo elayenzayo, lahamba laya phambili-ke. Liyangena, ikholwa manje, liya phambili. Lapho liqhamuka eduze komnyango, liyabuka; libona imidwa eyisikhombisa yegazi, okusho ukuthi igazi lahamba phambi kwalo. Manje, lingena ngaphansi kwaleyomidwa eyisikhombisa yegazi, phakathi ngaphansi kwegazi, bese-ke eba nenhlanganyelo, (Niyakubona na?), inhlanganyelo noNkulunkulu, akukho nhlanganyelo kwenye indawo. Naleyonto yonke etabernakele, ekulungisisweni ngaphansi kwesigcawu, ukungcweliswa e-altare, uMoya oNgcwele emva kweveli, lapho owangena khona wase wehlisa: sonke isithombe sikaKristu.

Kungakhathaleki ukuthi bahleleke kangakanani; UKora wahlela inhlangano, wathi, "Maningi amadoda angcwele kunoMose, ngakho-ke sizovele siphume . . . "

114 UNkulunkulu wathi, "Zahlukanise naye, khona manje, ngoba wephule uhlelo lukaNkulunkulu." Niyabo? Inhlanganyelo kwakuyindawo eyodwa kuphela; lokho kungaphansi kwegazi elichithiwe.

115 Manje lalelani, maKristu, eduze. Bukani. Ayikho inhlanganyelo ngaphandle koMzimba kaJesu Kristu, awukwazi ukuba nenhlanganyelo noNkulunkulu. Akumangalisi abantu bengakholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu. Akumangalisi bengakwazi ukukholelwa emfashinini endala, imvuselelo eyathunyelwa nguNkulunkulu. Akumangalisi bengakholelwa kulezi zinto ezihlanza inhliziyo yomuntu. Ufanele ungene kuqala enhlanganyelweni ngaphambi kokuba uke uqonde lezi zinto. Ngenani, nizwe iZwi; liyanehlukanisa, liyanigeza. Bese-ke ungena ngaphansi kweGazi eMzimbeni kaKristu.

Okungukuthi itabernakele laliwumfanekiso ophelele kaKristu: "Diliza lesi sakhiwo, Ngizosakhe futhi ngezinsuku ezintathu." Niyabo? Wayenguye.

116 Bese kuthi-ke ngaMoya munye, sonke siholwa nguMoya oNgcwele singene eMzimbeni kaKristu, bese-ke siza ngaphansi kweGazi. Yonke imibuzo yesono yaxazululwa ngaphandle, ngokushunyayelwa kweZwi, ngomhlatshelo we—weWundlu e-altare. Futhi manje sisenhlanganyelweni noKristu futhi singangena futhi sixoxisane nabo bonke.

117 Labo abangaphakathi kwesakhiwo kuKristu, siyangena. Wake wambiza ngomgingqiki ongcwele. Wake wathi, "Uyahlanya, ulahlekelwe ingqondo yakhe." Kodwa noma nini lapho ungena ngaphansi kweGazi elichithiwe futhi ube nenhlanganyelo, uyahamba uwelele kuleyondoda oke wacabanga ukuthi yaklabalasa kakhulu kakhulu, lowo wesifazane omu sh-. . .umzwile ememeza ngalobobusuku, lowomakhelwane owawukhuluma ngaye, noma ufike

wakutshela ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, uzolangazelela ukufaka isandla sakho kwesakhe owesilisa noma owesifazane, futhi ube neZwi lenhlanganyelo. Kungani na? Usungene ngaphansi kweGazi.

118 "Ngaphandle kokuchithwa kweGazi, akukho ukuthethelelwa kwesono." Akunandaba ukuthi ulunge kangakanani, ukuthi usonta kuliphi ibandla, ukuthi isiphi isivumokholo osishoyo, ukuthi imiphi imikhuleko oyenzayo, ngaphandle uma ungena ngaphansi kweGazi, usalokhu ungaphandle kwenhlanganyelo noNkulunkulu.

119 Bekungeke yini kube yisimangaliso manje uma lonke iqembu lethu khona lapha, abanye abayisithupha, noma, abantu abangamakhulu amahlanu noma ayisithupha, noma yini ekulezizethameli, bonke lababantu ndawonye kulentambama, thina nganhliziyonye besingeza ngqo ngaphansi kweGazi, njengoba nje singaphansi kwalolu phahla lapha, ngaphansi kweGazi leNkosi uJesu Kristu, ucabanga ukuthi kuzokwenzekani njengamanje na? Ucabanga ukuthi kuzokwenzekani na? Ngani, bekungeke kube khona umuntu obuthaka phakathi kwethu emizuzwini emihlanu elandelayo. O, he. Isoni esihlezi eduze kwakho siyolahlwa kakhulu, singabe sisakwazi ngisho nokuma sithule, uMoya oNgcwele uza ngapha, amanzi okuhlukanisa ethululwa, iVangeli, sishumayela iNkosi uJesu Kristu, eMhlatshelweni waKhe ophakeme kakhulu. Namandla okuphulukisa ethululeka phansi ngeKalvari, ngani, besiyoba nesikhathi esimangalisayo, besingeke na? Bekungeke yini kube yinto emangalisayo leyo, uma sonke besingangena enhlanganyelweni na? Bangaki abathanda ukuba kuleyonhlanganyelo na? Phakamisa isandla sakho.

120 Manje, lalelani, bangane. Ngikhulume izinto ezinzima namhlanje ntambama ngezinhlangano. Manje, akukhona ukuthi ngimelene nezinhlangano. UNkulunkulu uyazi ukuthi lelo yiqiniso. Anginandaba nenhlangano. Kodwa indaba yakho ukuthi, uma ucabanga ukuthi inhlangano izokwenzela okuthile, akunjalo. IGazi likaJesu Kristu liwukuphela kweNto engakwenzela okuthize. Yiqiniso lelo. Bese kuthi-ke lapho leloGazi lingena enhliziyweni yakho, ukucabanga kwenqondo kwakho konke kwehlukile, ngoba ucabanga kusukela *lapha* khona-ke. Niyabo?

121 *Nakhu* lapho uKristu eza khona, enhliziyweni. Futhi imicabango yakho ingelungile. Akusikho ukuthi, "Awu, uNkosazana Jones uthe angaya emidansweni, akumhluphanga." Niyabo? Ucabanga ngoNkosazana Jones. Kodwa uma kusenhliziyweni, ucabanga ngeNkosi uJesu, ukuthi Ibizokwenzani. Niyabo, yonke imicabango yakho ibuyele *lapha* futhi. Futhi yilokho esikudingayo namuhla, yilenhlanganyelo emangalisayo yeNkosi uJesu Kristu, noNkulunkulu esebuyile phakathi kwethu ekhuluma nathi.

122 Manje buka, manje, uma lezozinkanyezi zi . . . Bengibeka isikhathi ngolunye usuku, endaweni yokubuka izinto kokude . . . Ngaphambi nje kokuba ngivale ngifuna ukukucabanga. Uma lezo zinkanyezi, bathi bekuyongithatha . . . ukukhanya, ukuhamba, ngiyakhohlwa ukuthi zingaki izinkulungwane zeminyaka, ngesivinini, ukuhamba ngesivinini sokukhanya, ukukhanya okuhamba ngaleso sivinini, ukuza kulo mhlaba. Izinkulungwane eziphindwe ngezinkulungwane ziphindwe ngezinkulungwane ziphindwe ngezinkulungwane zeminyaka, ekuhambeni kokukhanya, ukufika kulo mhlaba usuka kwenye yalezo zinkanyezi. Futhi singabona iminyaka eyizigidi eziyikhulu namashumi amabili yebanga lokukhanya, futhi ngaleya kukhona ukubenyezela kwezinkanyezi njengoba kunjalo lapha. Bekuyothatha isikhathi esingakanani iNgelosi ukusuka lapho, lapha na?

123 Manje, uma ukhuluma ngeZulu, noma lapho sifa, ukuthi sisuka siye endaweni ndawo ndawo lapho ongeke wakwazi ngisho nokubona phezulu lapho, awuboni yini ukuthi uNkulunkulu uyifihlile inkazimulo esweni lenyama na?

124 Sihlezi lapha ezindaweni zaseZulwini. Manje uMoya oNgcwele ulapha. Manje uKristu ulapha. Futhi umzimba esiwumukelayo lapho siphuma lapha, siya kwelinye izinga, singene endaweni ebusisekile neNkosi uJesu, futhi ekubuyeni kukaKristu esemzimbeni waKhe wenyama ebuyela emhlabeni, lemimoya iyabuya futhi ithathe omunye umzimba omusha sha futhi futhi siphila phakade. Amen. O, he. Ukuba abantu bebengathola umcabango khona manje, weziNgelosi zehla zenyuka kulawo maphaseji, kaKristu, iNdodana kaNkulunkulu, zihambahamba esakhiweni, (O, he.), umehluko onjena pho. Wena useBukhoneni baKhe.

125 Futhi lapho umoya wakho usugcwala kakhulu kulelozwe elingaphandle, futhi njengo—ngozibuthe, noma, itshe elikhanyisa okwengilazi emsakazweni futhi lapho leyo mishini phakathi lapho ishajwa kakhulu noma iguqulelwe kulawo mazwi, iyanwebeka, ize ikushaye futhi ikwenze kube ngokuyikho ngqo . . . Umsakazo, ungena lapha, amagama, asiwezwa ngezindlebe zethu, a . . . asikwazi ukukucosha. Kodwa lelotshe elikhanyiswa okwengilazi emsakazweni iyakucosha, ithelevishini ngokufanayo. Iba yinto yiyo ngqo.

126 Futhi lapho ukukholwa kwethu kobuhlakani kwehla kungene enhliziyweni, futhi kugcwaliswe kakhulu ngezwe elingabonakali, ukuthi lonke iZwi likaNkulunkulu liba yiqiniso eliyilo ngqo. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

127 Lapho uNkulunkulu ekusho, kunanela ngokumelene nakho, njengoba kwenza kuleotshe elikhanyisa okwengilazi emsakazweni, futhi likwenze kuphelele. UNkulunkulu wathi, "NgiyiNkosi ekuphulukisayo." Lokho kuyakuxazulula. Amen.

Lokho kwenza kube ngokoqobo. “Ngiyoba nani, nakini, kuze kube sekupheleni kwezwe.” Lokho kwenza kube ngokoqobo, Yena ulapha manje. Manje, kungaleyondlela lapho engiyiswa khona ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu.

128 Ngenkathi leyoNgelosi yeNkosi ibonakala ngalobobusuku, yathi, “Ngizoba nawe; ungesabi.” Lokho ayokwenza; wathi uyobonisa izibonakaliso nezimangaliso phakathi kwabantu.

Ngimbuzile. Ngathi, “Ngi . . . Ngeke bakukholwa lokho.”

129 Wathi, “Kuyokwenzeka, ukuthi niyokwazi ngisho zona impela izimfihlo zenhliziyo yabo, nibatshele ngalezizinto.” Futhi ngakubuza lokho. Wakubuyisela kuKristu. Wathi, “Ngizoba nawe.” Bese kuthi lapho ngihamba ngiya emsamo, abantu abagulayo, noma enye into efana naleyo kulezozinto, kuba yinto eyiyo ngqo. Ngiyakukholwa.

130 Ngifisa sengathi ngingaba nokukholwa khona manje ukukholwa ukuthi wonke umuntu ogulayo kulesisakhiwo uzophulukiswa, njengoba nje nginokukholwa ukwazi ukuthi Umi khona lapha. Ngifisa sengathi ngingaba nalolo hlobo lokukholwa, ngifise sengathi ngamunye wenu angaba nalo. Kodwa uma imicabango yethu nenhlanganyelo yethu iphuma emazingeni azungezile ezinto esizibonayo kuya ezintweni esingaziboni, khona-ke kuba yinto eyiyo ngqo nje njengezinto esizibonayo, noma eziyizo ngqo kakhulu.

Kwangathi iNkosi inganibusisa sisakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje.

131 Baba waseZulwini, o, ngenhlanganyelo ngaseMzimbeni kaKristu, ngaseZwini. “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu; uLizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu.” O, siMthanda kangakanani; sibuthokozela kanjani uBukhona baKhe lapha manje, iNdodana kaNkulunkulu enkulu, Evukile, amaZwi aYo angasoze ehluleka, alotshiwe lapha eBhayibhelini, ukuthi, “lapho kubuthene ababili noma abathathu eGameni laMi, Ngiyoba phakathi kwabo.” Futhi Ulapha.

132 Nkulunkulu, kwangathi wonke ongakholwayo ongavuselelwanga, ongakaze eze ngeGazi, ubekade eya esontweni nje, esenokuthukuthela, esenemikhuba yezwe ababambelele kuyo, ukukholwa kobuhlakani, kodwa abakaze bagezwe futhi bahlanzwe ukuze babe nenhlanganyelo ephelele, Nkulunkulu, yipha kulentambama ukuthi khona manje kuyo kanye lendawana, ukuthi yonke inhliziyo izogezwa, ihlanzwe eGazini leWundlu. Bazongena enhlanganyelweni ukuthi inkonzo yokuphulukisa yakulobu busuku izoveza umhlangano omkhulu kunayo yonke eyake yabanjelwa kulezi zethameli. Siphe khona, Nkosi. Uzokwenza na? Ngokwenkazimulo kaNkulunkulu, siyakucela.

133 Futhi namakhanda ethu ekhotheme, ngiyamangala, nawo wonke umuntu ekhuleka nje, uma nithanda. Ngiyazi ukuthi sekuleyithi kodwa bhekani, bangane, sekuleyithi ngezindlela ezimbili: Usuku seluphelile, ngeSonto ntambama ngalolu suku, usuku lokuqala lukaMeyi; futhi iminyaka isiphelile, futhi. Sekuleyithi kunalokho esicabanga ukuthi kuyikho. UkuFika kweNkosi kuseduze; izinhliziyo zamadoda; uyayibona lempucuko enkulu iwa, icwila khona manje. Bheka nje le Melika. Yeka ihlazo. Bheka ukuthi uJesu wathini, "Ezinsukwini zokugcina njengoba kwakunjalo kuNowa, bayobe beganisa nezinto."

134 Bukani izinkantolo zezehlukaniso eMelika zinkulu kunazo zonke izizwe zihlangene. Buka amanyala; buka ukuhlanekezelwa kwamakilabhu abahlanekezela ucansi phandle eWest Coast, nakuzo zonke izindawo. Izinkulungwane ziphindwe ngezinkulungwane zihamba unyaka nonyaka. Amanyala, ukungcola, ukungamesabi uNkulunkulu, ukuthatha ukusetshenziswa kwemvelo komzimba nokuhlanekezelwa kokuthile, abantu abanengqondo ehlanekezelwe. Amadoda ayaphuma aqhubeke nendlela enza ngayo, abesifazane begqoke lezi zingubo ezincane ezindala ngaphandle, abacabangi ukuthi banephutha. Impela abanaphutha, izingqondo zabo zihlanekezelwe; udeveli ubabambile; abakwazi. Manje, usuku olunjena na?

135 Ngabe wena ungaphansi kweGazi, kholwa na? Uma ungekho. . .ngenkathi, makuthi iNkosi uJesu nami kuphela sibheke lokhu. Uma kukhona umuntu lapha, othembekile enhliziyweni yakho, futhi uyazi, futhi ngokushunyayelwa kweZwi, usuba ngokholwa yilokhu, ukuthi unephutha, ukuthi iNto ethize enhliziyweni yakho ikutshela ukuthi unephutha, uma usenazo lezi zinto, futhi uyazifisa lezozinto. . .Awunjalo, angeke udingeke uzenze, ube nesifiso sazo nje. Niyabo? "Obuka owesifazane ukuba amkhanuke, usephingile vele enhliziyweni yakhe."

136 Hhayi lowo othatha isibhamu adubule umfowabo, kodwa u "mthukuthelele ngaphandle kwesizathu." Uma wazi ukuthi unephutha, ungasiphakamisa isandla sakho na? Uthi, "Mfowethu Branham, ngikhulekele manje. Ngiyakhuleka ukuthi uNkulunkulu uzongingenisa ngaphansi kweGazi, futhi anginikeze isehlakalo semfashini endala nenhliziyo yami ihlanzeke phambi kukaNkulunkulu." Uma lowomuntu ephakathi lapha, ungasiphakamisa isandla sakho, manje nje, ngaphambi kokuba sibe nomkhuleko na? Futhi uthi, ngokuphakamisa nje isandla sakho, hhayi kimi, kodwa kuNkulunkulu, uthi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi manje; Ngifuna inhliziyo ehlanzekile ngempela phambi kwaKho."

137 Ukhona umuntu noma kuphi kuvulandi osesitezi noma kuphi na? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise,

nawe. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Kuhle lokho. Manje, uNkulunkulu akubusise, mfowethu. Kulungile. Thembeka kuNkulunkulu.

138 Manje, aku—akumina. Awuphakamisi izandla zakho kimi, kuNkulunkulu. UNkulunkulu akubusise, nenekazi; Ngiyakubona emuva lapho. Omunye o...? UNkulunkulu akubusise, nenekazi; nawe, mnumzane; nawe, mnumzane. UNkulunkulu akubusise; nawe, mnumzane. Yileyo ndlela yokwethembeka. Yileyondlela yokuba ngamadoda nabesifazane; siphambi kukaNkulunkulu.

139 UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Ufuna zikhishwe lezo zinto empilweni yakho. Impela, uNkulunkulu uzokwenza. Into kuphela okufanele uyenze, ngukuthi, Mvumele akwenze manje. Ingabe ukhona omunye ngaphambi komkhuleko na?

Sisakhothamise amakhanda ethu.

140 Nkulunkulu othandekayo, O Baba, leyomiphefumulo yabantu, siyaqonda Nkosi ukuthi esakhiweni lapha nguYe Oyosahlulela ngaloloSuku. Akukho ngisho nomzwilili ongawa emgwaqeni uBaba engazi. Ubazi kangakanani-ke lababantu abaphakamisa izandla zabo ngobuqotho, behlezi lapha kulamahora amade amancinyane alentambama, belalele iZwi. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi uzohlanza yonke inhliziyo khona manje ngeGazi leNkosi uJesu. Kwangathi yonke imikhuba, sonke isono sokucindezelwa, kumbe noma yini engalungile ngalababantu abathandekayo, Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzokususa kubo khona manje. Siphe khona. Kwangathi bangaba amaKristu athobekile, anomoya omuhle, azonda ububi futhi athanda ukulunga. Siphe khona, Baba. O Msindisi obusisiwe baqondise.

141 Manje, Baba, kwangathi wonke umuntu ophakathi lapha angamukela ukukholwa okukhulu njengamanje. Sibheke phambili enkonzweni yakulobu busuku, Nkosi, yokuphulukiswa kwabagulayo. O, ungaphinda futhi, Nkosi, kanye futhi ukuvumele kwenzeke na? Usuku lwangaphambi kokuthi umfowethu aye phesheya kwezilwandle, ukuthi angahamba enombono omusha enhliziyweni yakhe ukubona uMbuso kaNkulunkulu ulethwa phambi kwabantwana babantu.

142 Kwangathi lena kungaba yinkonzo emangalisayo kulobubusuku; kwangathi wonke umuntu ogulayo ongena emnyango kaKristu angasinda ngokuphelele. Ungasipha khona, Nkosi na? Phulukisa labo abasweleyo; umzimba wonke; ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

143 Sekube yizinsuku ezimbalwa impela, ngisekhaya, ngibe nezinkathazo eziningi nezinto, niyazi ukuthi kunjani ngasekhaya. Bengingalele ebusuku bakuthangi kwaze kwasa,

ngangena, ngaphuma lonke usuku lwayizolo. Izolo ebusuku, ubuthongo obuncane kakhulu, futhi ngavuka kulokhu ukusa naphezulu lapha. Kuthi ukuba nzima. Nginigcine isikhathi eside. Ngiyaxolisa ukunigcina sonke leso sikhathi. Ngiyethemba ukuthi nina...nguMoya oNgcwele...ngiqaphelile. Ngifuna ukusho lokhu, uma...ngincamela ukukunikeza umqumbe wezimbali omncanyana manje kunomqhele oyinqwaba ngemva kokuba usuhambile. Niyabo?

144 Angikaze...Ngibe nezethameli ezinhle emhlabeni jikelele. Kodwa angikaze ngibe ne—izethameli ezilalelisisa ukwedlula enginazo lapha kulelibandla elincane lapha eChicago, nina bantu ngalapha. Ngiyaqaphela kulentambama, benginakho enhliziyweni yami, ngenkathi ngiza emsamo, ukukhuluma ngokunye okuthile. Ngempela uMoya oNgcwele ubungitshela ukuthi...e—eMphongolweni weSivumelwano, ebengizokhuluma ngakho. Futhi ngenkathi ngiya emsamo phezulu lapha, ngacabanga, "*Inhlanganyelo* kungaba yinto enhle ukuyikhuluma."

145 Ngenze into ethize ukuthi, okungukuthi, ngazithela phezu kwalapho uMoya oNgcwele wawungitshele khona ukuba ngingakwenzi, kodwa ngizamile ukulwa ngiqhubeke. Ake nginitshele okuthize, nalokho engikushilo ngoMfowethu Joseph emizuzwini embalwa edlule, uma nginephutha, ngiqinisile noma nginephutha. Kanjalo nani, akukaze kube khona muntu osukuma futhi aphume kulesi sakhiwo kulentambama. Ngaso sonke isikhathi bangahle ukube bahlezi lapha, ngaso sonke isikhathi bazi ukuthi inkonzo yokuphulukisa iyeza, futhi abaningi abakayi emakhaya bayodla isapha. Nihlezi khona lapha nami. Busiswani inhliziyo yenu. Ngiyakuthanda. Ngizoniyisa phambi kukaNkulunkulu. Futhi ninamathele kukho lapho ningibona ngisho ngilwa. Niyabo, yilokho engikuqondile: lapho ngisephutheni ngezinye izikhathi, (Niyabo?) lapho ngisephutheni.

146 Manje, ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzoninika yonke into eniyidingayo, zonke izifiso zenhliziyo yakho. Futhi kwangathi wena unga...Bangaki phakathi lapha abafuna ukuphulukiswa kulobubusuku na? phakamisa isandla sakho; wonke umuntu nje esakhiweni. UNkulunkulu akubusise. O, he, kwangathi umusa waKhe ungaba nawe. Manje, uma kufanele uye ekhaya, ngeke yini uhambe futhi uyophumula kancanyana. Buya cishe, emva kwesikhashana, uzithathele ikhadi lomkhuleko, uze wenyuke kulobubusuku futhi ukhulekelwe. Ngikholwa nje ukuthi sizoba nomhlangano omangalisayo, anikholwa na? Amen, amen. UNkulunkulu anibusise. Ngibuyisela inkonzo manje kuMfowethu Joseph. Ngizonibona emahoreni athi awabe mabili.

